Kungani UNkulunkulu Evumela Ukuhlupheka? (Ingxenye 1)

Isekelwe esahlukweni 11 sencwadi ethi *Lifundisani Ngempela IBhayibheli?* etholakala kuyi-jw.org/zu.

INJONGO: Hlola lokho okukholelwayo nokuthi kungani ukukholelwa, hlola nalokho okufundiswa iBhayibheli, futhi ubone ukuthi ungazichaza kanjani izinkolelo zakho kwabanye.

INGABE KUMELWE KUSOLWE UNKULUNKULU NGOKUHLUPHEKA KWETHU?

1 HLOLA IZINKOLELO ZAKHO

Kungani abanye abantu bengathi yebo?

Kungani abanye bengathi cha?

Yini *wena* oyikholelwayo?

Kungani ukukholelwa lokho?

www.jw.org/zu © 2016 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

2 HLOLA LOKHO OKUFUNDISWA IBHAYIBHELI

UJehova akathandi ukuba sihlupheke.

(Bheka isahluko 11 sencwadi ethi *Okufundiswa IBhayibheli*, izigaba 1-5.)

Funda eyoku-1 Petru 5:7.

Leli vesi likubonisa kanjani ukuthi uJehova akathandi ukusibona sihlupheka?

Funda uJobe 34:10.

Ingabe uNkulunkulu uyakubangela ukuhlupheka?



Ingabe umakhi wemoto kumelwe asolwe lapho umshayeli wayo ephula imithetho yomgwaqo? Ngokufanayo, ingabe kumelwe kusolwe uMdali ngezinkinga ezibangelwe isintu?

www.jw.org/zu © 2016 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

USathane nemiphumela yokuvukela kwakhe yikona okuyimbangela yangempela yokuhlupheka.

(Bheka isahluko 11 sencwadi ethi *Okufundiswa IBhayibheli*, izigaba 6-9.)

Funda eyoku-1 Johane 5:19; isAmbulo 12:9.

La mavesi abonisa kanjani ukuthi uSathane ngempela ofuna sihlupheke?

Funda umShumayeli 4:1; 8:9; 9:11.

Ngaphandle kwethonya likaDeveli, yiziphi ezinye zezizathu zokuhlupheka kwethu?

Kungani kukujabulisa ukwazi ukuthi uNkulunkulu akathandi sihlupheke nokuthi uzosisiza uma kwenzeka sihlupheka?

www.jw.org/zu © 2016 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania

3 CHAZA IZINKOLELO ZAKHO

UMA UMUNTU ETHI . . .

UNkulunkulu unonya. Ufuna abantu bahlupheke.

UNGASE UPHENDULE . . .

Abantu abaningi kungenzeka bavumelane nombono wakho. Kodwa ngikholelwa okuhlukile ngoba . . .

_____

_____

Yimuphi umBhalo ongamfundela wona?

_____

Ukhumbula ukuthi umbono wakhe uyini ngale ndaba, ungabonisana kanjani naye usebenzisa lowo mBhalo?

_____

UMA UMUNTU ETHI . . .

UNkulunkulu ulawula umhlaba, ngakho zonke izinto ezimbi ezenzekayo ziyintando yakhe.

UNGASE UPHENDULE . . .

Yimfundiso evamile emasontweni amaningi leyo. Kodwa ngikholelwa ukuthi uSathane nguyena ongumbusi wangempela walo mhlaba ngoba . . .

_____

_____

Yimuphi umBhalo ongamfundela wona?

_____

Ukhumbula ukuthi umbono wakhe uyini ngale ndaba, ungabonisana kanjani naye usebenzisa lowo mBhalo?

_____

www.jw.org/zu © 2016 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania